UMDONI MUNICIPALITY
UMASIPALA WASEMDONI

# UMDONI News

The J.E.W.E.L of the South Coast

OFFICIAL NEWSLETTER OF UMDONI MUNICIPALITY

JANUARY - MARCH 2025

# Emergency road rehabilitation in rural clusters commences

Umdoni municipality has taken a vigorous approach to its rural road maintenance plan by beefing up resources to give due diligence to the emergency rehabilitation work to be conducted on rural roads that were severely damaged during the recent heavy rains.

Subsequent to a comprehensive assessment conducted by municipal engineers in liaison with ward councillors, it was resolved that two roads per ward in Clusters 1,2,3 and 4 will undergo a 20-day rehabilitation programme.

The municipality has appointed four service providers, one per cluster and each service provider was mandated to provide two 10-ton tipper trucks, one water tanker, one roller, one grader and one excavator as part of the service contract.

To officially mark the commencement of this emergency rehabilitation project, the Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli, the Deputy Mayor, Cllr Phila Thabethe and Ward 7 Councillor, Sthembiso Mthwane received the hired plant at Malangeni MPPC on Tuesday that will be utilised as additional resources to conduct re-gravelling and blading of the identified roads in the different clusters.

Work in the other Clusters has also commenced and all rehabilitation work is scheduled to be completed by end of April 2025.

The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli said that it was imperative for Umdoni to fast-track the commencement of the emergency rehabilitation of rural roads because thousands of communities that use these roads daily are suffering and also their current state poses an enormous danger to motorists.

"During the budget adjustment period, Council approved that a provision be made in the budget to aid the emergency rehabilitation work. "The safety of our communities is a priority to us as leaders and we cannot turn a blind eye to the inconvenience these rains have caused to them. We needed to act with compassion, put ourselves in their shoes and ensure we prioritise the communities' safety," said the Mayor.

The current emergency work being conducted is an additional responsibility to the municipality outside the Council approved rural road rehabilitation programme that is currently ongoing which includes routine maintenance and construction of 50-meter steep hills amongst other work.




**The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli together with the Deputy Mayor, Cllr Phila Thebethe and Cllr Mthwane from Ward 7 received the plant that has been hired by the municipality to conduct emergency rehabilitation work to be conducted in Cluster 1,2,3 and 4. The emergency rehabilitation of the rural roads will be a 20-day programme.**

## WHAT'S INSIDE

PAGE 2
**Umasipala unike intsha ithuba lokuziphilisa**

PAGE 3
**Roads upgrade bring delight to communities**

PAGE 4
**Uhamba ngendlela owokulungisa i-Dumisa Community Hall ne Skills Development Centre**

**"By 2030 Umdoni will be the JEWEL of the South Coast"**

# Umasipala unike intsha ithuba lokuziphilisa

Ngenhloso yokuqeda ububha obuhaqe imiphakathi eminingi, umasipala waseMdoni usebenza ngokuzikhandla, ukusungula izinhlelo zokufundisa intsha engasebenzi amakhono ahlukene ukuze ikwazi ukuthi iziphilise nemindeni yayo kuphinde kugcine kufinyelele esigabeni sokuthi ibe osomabhizinisi abazimele ukuze bakwazi ukuqasha abantu bezindawo abasebenzela kuzona baxhase uhulumeni kumkhankaso wawo wokuqeda ubuphofu nokuntuleka kwemisebenzi.

Intsha yesifazane eyiShumi eyakhele indawo yaseMdoni ivelelwe ithuba elingandele bani lokuba ingxeye yohlelo lukamasipala ubambisene noMnyango weZobuciko namaSiko (Department of Arts and Culture) lokuqeqeshwa kumakhono okuthunga, yaphinde yazuza ngokuthengelwa imishini kanye nezindwangu zokuthunga.

Mumva nje, iSekela Meya, uKhansela Phila Thabethe, unikezele laba besifazane abayishumi ngemishini yokuthunga kanye nazo zonke izimfanelo zalomsebenzi ukuze bakwazi ukulisebenzisa ngendlela lelikhono lokuthunga abalifundele.



ISekela Meya, uKhansela Phila Thabethe, unikezele ngemishini yokuthunga kwinstha yabesifazane eyiShumi yakumawadi ahlukene ngaphansi kwalomasipala, ababecele ukuthi umasipala ubaxhase ngemishini yokuthunga ukuze bakwazi ukuzithuthukisa.

Lolusizo lukamasipala luqhamuke emumva kukothi ihhovisi labasha lihambele imihlangano yamakomidi amawadi (Ward Committees) la amalungu alekomidi eveze khona ukuthi intsha iyadinga ukufundela amakhono ukuze ikwazi ukuziphilisa iphinde yondle nemindeni yayo. Kwizicelo zamakhono ezaziphakanyisiwe, ikhono lokuthunga yilo elaliseqhulwini. Intsha yasekela lesisicelo ngokuthi lelikhono yilo elizinzile futhi lizobasebenzela ngoba amalungu omphakathi ahleze enezidingo zemfashini.

"Ngokubona ukuthi ukuntuleka kwemisebenzi kuyanda ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, isigungu samaKhansela saphasisa ngokungangabazi isicelo sokuthi loluhlelo lube ingxenye yezinhlelo zikamasipala zokuthuthukiswa kwentsha," kusho uSekela Meya.

Abahlomulile kuloluhlelo kubalwa uSilindile Khanyile wase wadi 19, Nozipho Ndimande was Wadi 2, Thobekile Zama Mhlongo wase wadi 17, Innocentia Mbhele wase wadi 7, Nosipho Mnganga wase wadi 14, Thandekile Maluleka wase wadi 6, Nondumiso Ndlovu wase wadi 16, Snenhlanhla Gumede wase wadi 9, Ayanda Shandu wase wadi 4 kanye no Sonto Myende wase wadi 8.

Ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi izinsiza kusebenza ezanikelwa umasipala emphakathini zifeza inhloso ezicelelwe yona, umasipala uzokwenza uhlelo lokuvakasha olungahleliwe ukubona bonke abahlomulile ukuqinisekisa ukuthi imali yabakhokhi-ntela isebenza ngokufanele.

IMeya yoMkhandlu uKhansela Mbali Cele-Luthuli, ukuseke kakhulu ukuthuthukiswa kwalentsha ngamakhono adingwa ibona. "SiwuMkhandlu, kuwumthwalo wethu ukuqinisekisa ukuthi ngaso sonke isikhathi izinhlelo zentuthuko esiziyisa emiphakathi ziba nomthelela omuhle futhi ziyawuthuthukisa umphakathi wonkana. Kumele sikuqinisekise ukuthi siyayinqoba lempi esibhekene nayo yobubha nokuntuleka kwemisebenzi. Ingakho kumele sisebenze ngokubambisana ukuze sakhe imiphakathi engcono yezizukulwane ezizayo.

# Izoqala imihlangano yokuxoxisana ngesabelomali sa 2025/26



IMeya, uKhansela Mbali cele-Luthuli

Aseqalile amalungiselelo kamasipala okuhlela imihlangano yomphakathi la ubuholi buzobe buhambela imiphakathi eyehlukene ngenhloso yokuthola uvo nemibono yawo ngomqulu wentuthuko edidiyelwe kanye nesabelomali zonyaka omusha wezimali ka 2025/26 ozoqala mhla zingu 1 kuNtulikazi (July) 2025. Umasipala ngokugunyazwa Isigaba 4 Somthetho Wokusebenza koMasipala owaziwa nge Local Government Municipal Systems Act 32 of 2000, kumele ukhuthaze umphakathi wendawo ukuthi ubambe iqhaza ezinhlelweni zikamasipala zokuthuthukisa imiphakathi.

**Umasipala uhlele ukuthi ubambe imihlangano kanje:**

| UMQULU WENTUTHUKO EDIDIYELWE NESABELOMALI 2025/26<br>IDP & BUDGET ROADSHOWS 2025/26 | | | |
|---|---|---|---|
| DATE/ USUKU | WARD / CLUSTER IWADI/IKLASTA | VENUE/INDAWO | TIME/ ISIKHATHI |
| 07/04/2025 | W4 | Isingqawe Community Hall | 10:00 |
| 09/04/2025 | W7 | African Gospel Church | 10:00 |
| 11/04/2025 | W12 | Gandinaghar Hall | 10:00 |
| 22/04/2025 | W14, W16 & W17 | Mandawe Community Hall | 10:00 |
| 23/04/025 | W19 | Vulamehlo Municipal Hall | 10:00 |

Ubuholi bukaMasipala buholwa iMeya uKhansela Mbali Cele-Luthuli, bunxusa wonke amalungu omphakathi ukuthi aphume ngobuningi bawo ukuba ingxenye yalemihlangano ebalulekile ehlose ukuqinisekisa ukuthuthukiswa kwemiphakathi ngentuthuko ezoletha ushintsho abaludingayo.

"Ngaphezu kwenhloso ejwayelekile neyaziwayo yalemihlangano yokuxoxisana ngesabelomali esihlongozwayo kanye nentuthuko edidiyelwe, lemihlangano iba inkudla yokuthi umphakathi usibonise la ufisa sinyuse khona amasokisi njengohulumeni oseduze nabo. Kubalulekile ke ukusebenza ngokubambisana nokuwulalela umphakathi ngoba lokho kuzoqinisekisa ukuthi senza kangcono," kusho uMeya uKhansela Mbali Cele-Luthuli.

Umasipala uzophinde wethule izinhlelo zentuthuko eseziqediwe neziqhubekayo kumawadi ahlukene alomasipala. Ingqalasizinda eyakhiwayo kubalwa ukukhonkwa kwemigwaqo yasemakhaya ibanga elingamamitha ayima 50 kwizigaba zemigwaqo ezinomenyuko, ukwakhiwa kwamahholo omphakathi, ukulungiswa kwemigwaqo yobhuqu, ukufakwa kukagesi ngokubambisana nenkampani kagesi uEskom kanye nokwakhiwa kwezindlu ngokubambisana noMnyango wezokuHlaliswa kwabantu.

"Uma sibheka emumva, umasipala ususebenzile ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi yaseMdoni iyathuthuka ngokwengqalasizinda kanye nezinye izinhlelo ezikhuthaza inhlalonhle yabantu. Ngiyaphinda ngiyagcizelela ukuthi ukusebenza ngokubambisana kuzoqinisekisa inqubekela phambili, la amalunga omphakathi ezibona enakekelekile," kusho uMeya.



Nkosi Ngcobo, the Chairperson of the Ugu District House of Traditional Leaders with Ndlunkulu NP Duma give full participation at a meeting planned by Umdoni municipality aimed at improving relations between the municipality and local traditional leaders.

# Umdoni strengthens relations with Amakhosi

In an effort to build a community that works together and that shares mutual developmental goals, Umdoni has accelerated its efforts to build a fruitful working relationship with Amakhosi as the custodians of rural communities.

Amakhosi led by Nkosi Ngcobo, the chairperson of the Ugu House of Traditional Leaders, were given a platform to engage the municipality on service delivery issues pertaining to the areas they lead in preparation for the 2025/26 financial year.

What transpired from this session was Amakhosi's desire to be fully involved in the municipality's service delivery plans as they have first-hand information of the community's service delivery needs.

The municipality presented comprehensive service delivery reports on the rural road network, community facilities, access to electricity amongst other basic needs that will ensure that these communities are developed.

The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli addressed the meeting highlighting the importance of the traditional leaders' involvement in the municipality's service delivery programmes. "Amakhosi are key in bringing service delivery to the rural communities. It is therefore against this background that we saw it advantageous to the municipality, Amakhosi and the communities we lead that we improve the rapport with Amakhosi and ensure they are kept abreast with all developmental initiatives planned for their areas," said the Mayor.

Nkosi Ngcobo commended the municipality for the service delivery programmes being implemented in their areas and for its continued efforts to keep the communication channels open with Amakhosi. "Umdoni and Amakhosi have established a good working relationship and we can attest that the municipality is investing in our communities and in our children. We also commend that Umdoni consults us as Amakhosi on development projects in our areas. Such engagements are testimony to our common goal to build better and developed communities," said Nkosi Ngcobo.





Installation of kerbs taking place on Mafithini Road in Ward 9. Inset: Installation of gabions designed to reinforce road infrastructure that is being upgraded.

# Roads upgrade bring delight to communities

Umdoni municipality is fulfilling the commitment made to the Amahlongwa and Malangeni communities to upgrade Mafithini Road in Ward 9 and Nsongeni Road in Ward 16 for convenient travelling for the everyday users of these roads.

These projects are progressing well with Mafithini Road sitting at a 60% completion rate and Nsongeni Road at a 37% completion rate. The projects entail the upgrade of 1.6 kilometres by 6 metres and 1.8 kilometres by 6 metres of Mafithini and Nsongeni Roads respectively from gravel to asphalt. Other work to be conducted on both roads include installation of a concrete drainage system, speed humps, rumble strips, gabions and road furniture plus a side walk for Nsongeni Road. Work currently in progress on Mafithini Road includes the processing of C3 and G2 layer, installation of gabions and kerbs. On Nsongeni Road, the processing of gravel material and installation of storm water pipes and gabions are underway.

Both these projects are scheduled to take a period of 8 months to be completed ending in June 2025. "I am pleased that Umdoni is delivering services as promised to the communities it serves. As this Council we are pleased to witness service delivery projects outlined in the municipal Integrated Development Plan being implemented. Our communities are being developed and we are confident that we will reach the goal of a better life for all," said the Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli.

And towards ensuring that Umdoni makes a significant contribution to impoverished communities, the municipality has ensured that the appointed contractors for the projects give job opportunities to people from the areas where projects are being implemented.

Under the Mafithini Road project, eleven people have benefited with temporary employment and for the Nsongeni Road project, 19 people have been employed. "Our priority as government is to triumph over the triple challenge of poverty, unemployment and inequality and that is why Umdoni insists on ensuring that local people benefit from projects being undertaken in their wards."

## Seliqediwe ihholo lomphakathi laseMgangeni

Umphakathi waseMgangeni uzozijabulela izindaba zokuthi umasipala usuwuqedile umsebenzi wokwakha ihholo lomphakathi i-Mgangeni Community Hall engaphansi kuka Wadi 4.

Ngonyaka wezimali ophelile kumhlangano wakuxoxisana ngesabelomali kulomphakathi, amalungu alomphakathi akubalula ukubaluleka kokuba nehholo labo la-bezokwazi ukubambela khona imicimbi, imihlangano kanye nezinye izidingo zomphakathi ezindinga ihholo.

Mumva nje, ithimba lobuholi bukamasipala buholwa iMeya, uKhansela Mbali Cele-Luuthuli bavakashele lesisakhiwo ngenhloso yokuhlola ukuthi sisemweni esigculisayo yini kanti futhi ukuthi usonkontileka uwenze umsebenzi ngokwesivumelwano somsebenzi esisayindiwe. Ekuhloleni kobuholi kutholakale ukuthi usonkontileka wenze umsebenzi omuhle kakhulu, isakhiwo sesiphelile sekusele okwenza umsebenzi wangaphandle okubalwa ukulungiswa kwendawo yokupaka izimoto kanye nokuhlanza igceke. "Siyalincoma izinga lokusebenza kosonkontileka ngokukhiqiza izakhiwo eziseqophelweni eliphezulu kwimiphakathi yethu yasemakhaya.

Ingakho siqinisekisa ukuthi amaphrojekthi siyawagada ngendlela ukuze aqale, aqhubeke bese eyeqedwa ngesikhathi futhi kungadlalwa ngemali yabakhokhi bentela," kusho iMeya.

Lelihholo linamagumbi amaningi ekubalwa ihholo uqobo lwalo, amahhovisi amabili, indlu yonogada, izindlu zangasese zabantu besilisa nabesifazane ezizokwazi ukusentshenziswa nabantu abakhubazekile sase siyabiyelwa ngocingo lokubiya lwesimanje.

Lomphakathi uzobe usumenywa kungekudala ukuze ube ingxenye yomcimbi wokuvula lelihholo ngokusemthethweni linikezelwe kumphakathi wendawo. Umasipala uyabonga ngokusebenza ngokumambisana nomphakathi wakulendawo ukuze lomsebenzi wentuthuko ube impumelelo.



Ihholo lomphakathi laseMgangeni ku Wadi 4 selifinyelele emaphethelweni. Lesakhiwo sezovulwa ngokusemthethweni bese sinikezelwa emphakathini kungekudala nje.

# Municipality maintains urban roads and storm water drains

Umdoni continues to work towards the preservation of the municipality's road infrastructure to ensure its sustainability and increase its life span. Recently, the municipality implemented its road and storm water maintenance programme in the urban areas.

The municipality's road maintenance plan aims to ensure that the roads are reliable and safe for road users.

In 2022, the municipality conducted a conditional assessment of its road network where a need was identified to conduct a thorough rehabilitation of roads and maintenance of storm water in order to ensure the Umdoni is kept in a good condition and continues to attract tourists and investments.

The municipality made an allocation of R10 Million for urban road rehabilitation and recycling. The work being conducted includes recycling, stabilization, processing of G2 material and laying of asphalt.

To date, the municipality rehabilitated 910 meters of Court Road in Ward 13 which has been successfully completed, 200 meters of Gardner Street in Ward 10 is at a 70% completion rate, 300 meters of Erskiene Road in Ward 15 is 98% towards completion, 300 meters of Preston Road in Ward 10 has been completed, 400 meters of Azalea Crescent in War 11 is 80% complete and 325 meters of Pertunia Road in Ward 12 is currently at a 50% completion rate.

Over and above the road rehabilitation projects, the municipality is concurrently conducting pothole patching in various roads.

Moreover, additional emphasis has been placed in the operations of the storm water drainage systems. The municipality has cleaned storm water drains in Ward 15, 10,12 and 13 to ensure proper channeling of storm water and maximize safety for road users during heavy rains.

# Usufinyelela emaphethelweni owokuxhunywa kukagesi

Umasipala waseMdoni usuwuqhubile umsebenzi wokuxhunywa kukagesi endaweni yase Kiss-Kiss naseMbetheni ngaphansi kuka Wadi 11 ebekuyiphrojekthi ebesisetshenzwe iminyaka ngumasipala ukuthi igcine yenzekile.

Umasipala uqalise umsebenzi wokuxhuma ugesi osemthethweni kulemiphakathi ngonyaka ofile emumva kokuthola uxhaso lwemali yokuletha lentuthuko isuka kuMnyango Wezokumbiwa Namandla (Department of Minerals and Energy).

Ngokwesabelomali esasiphasisiwe ukufeza lomsebenzi wentuthuko, umasipala uzosebenzisa imali eyiZigidi eziyisiShiyagalombili nengxenye (R8.5 Million) ukuxhuma ugesi kwimizi engama 269 isiyonke, eyakhiwa engama 68 e-Kiss-Kiss kanye nengama 201 e-Mbetheni.

Osekuqediwe kulephrojekthi, ukufakwa kwezigxobo zikagesi kanye nokufakwa kwezintambo ezihambisa ugesi.

Okusenziwa njengamanje ukuqinisekisa ukufakwa nokuxhunywa kwazo zonke izimfanelo ezidingekayo ukuze ugesi ukwazi ukusebenza ngendlela uma sekufike isikhathi sokuwukhanyisa.

Njengamanje, lephrojekthi isifinyelele kumaphesenti angamaShumi ayisiShiyagalolunge (90%).

Umphakathi uyakhunjuziswa ukuthi lesibalo semizi eyi 154 esele engakaxhunyelwa ugesi kulonyaka wezimali ka2024/25, nayo isohlelweni kunyaka wezimali omusha ka 2025/26. "Umasipala wasifaka isicelo soxhaso lwemali kuMnyango Wezokumbiwa Namandla sonyaka wezimali ka2025/26 ukuze umasipala uxhumele lemizi esele njengokuthembisa kobuholi ngenkathi umasipala uzophendula isoyi kulendawo," kusho iMeya uKhansela Mbali Cele-Luthuli.

IMeya iphinde yaveza ukuthi umasipala uyazibophezela ukuqinisekisa ukuthi yonke imizi ebihlelelwe kulephrojekthi angeke isale ngaphandle.

Umasipala usebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi intuthuko yokuxhunywa kukagesi ezindaweni zasemakhaya ezingenawo iyafika kuyona yonke imiphakathi yasemakhaya engaphansi koMdoni. Ukufakwa kukagesi kuhlose nokunqanda isimo sokubhebhetheka kwezinyokanyoka. "Siyayigqugquzela yonke imiphakathi ukuthi ikukhuthalele ukukhokhela ugesi nokuwuthenga ngoba ukuxhunywa kukagesi ngokungekho emthethweni kulimaza uhulumeni kanye nalabo abawuthengayo nabawukhokhelayo,' kusho iMeya.

Imindeni engathathi entweni, kumele ixhumane neKhansela ukuze ibhalisele uhlelo lokwesekwa kwabantulayo phecelezi- Indigent Support.



Sezifakiwe izigxobo nezintambo zikagesi

# Uhamba ngendlela owokulungisa i-Dumisa Community Hall ne Skills Development Centre

Akusekuzinyanga zingakhi uqedwe umsebenzi wokulungiswa kwehholo nesikhungo sokufundela amakhono ngaphansi kukaWadi 5, emumva kokuthi imiphakathi eyakhele lendawo yaphakamisa isifiso sokuthi lesakhiwo sivuswe sibe isikhungo isizoba usizo kubona.
Ngokubona ukubaluleka kwalesikhungo nomthelela omuhle esingaba nawo ngokuletha intuthuko ehambisana nokulwisana nobubha nokuqinisekisa ukuthi abantu bafundela amakhono azokwazi ukusiza ukuxosha ikati eziko, umasipala awupholisanga maseko mawuthola lesisicelo waqinisekisa ukuthi uthola isabelomali ukuze umsebenzi uqale.
Lesisakhiwo sizoba usizo olukhulu kumphakathi wase Wadi 5 kanye nomakhalwane baku Wadi 4. Umsebenzi wokunika lehholo lomphakathi nesikhungo samakhono impilo entsha uqale kuyophela unyaka odlule futhi ngokwesivumelwano somsebenzi, kulindeleke ukuthi usonkontileka abe seqedile ngalephrojekthi makuphela uJulayi wakulonyaka.
Lephrojekthi isiqashe abantu abayiShumi Nane (14) bendawo. Benza umsebenzi wokwakhiwa kwendlu yonogada, ukufaka ucingo lwe clear view lokubiya, ukulungiswa kwe hholo, isikhungo sokufundela amakhono kanye nezindlu zangasese. Kuzobe sekwakhiwa nendawo yokupaka izimoto, ukufakwa kwamapayipi okuhambisa ngendlela amanzi ezimvula, udonga lokuvimba inhlabathi kanye nokunye.
Njengamanje umsebenzi oqhubekayo kubalwa ukuxetshulwa kophahla lwehholo namahhovisi, ukususwa kwamapayipi amanzi nalawo ahlangene nokuhambisa indle, ukususwa kwamawindi nophandla lwebhuloho lwezindlu zangasese. Kube sekufakwa izinsimbi kanye namashidi ophahla kwibhuloho lamahhovisi nezindlu zangasese kwaphinde kwafakwa namawindi amasha kuwona lamabhuloho.
Ngaphezu kwalokhu, kuqhubeka umsebenzi wokubiya, ukufakwa kwezindonga zokuhlukanisa isakhiwo ngaphakathi.
Ngesikhathi iMeya uKhansela Mbali Cele-Luthuli ezothula lephrojekthi kulomphakathi, wakubalula ukuthi lemiphakathi ezosebenzisa lesakhiwo, kumele iqinisekise ukuthi iyasihlonipha futhi iyasigada, kungabi uwona umphakathi ocekela lengqalasizinda phansi. "Kubuyisela intuthuko emumva ukucekelwa phansi kwengqalasizinda.
Lemali esebenza la ukulungisa lesakhiwo ngabe yenze omunye umsebenzi wokuvusa enye imphrojekthi yentuthuko endaweni. Ngakho ke siyanxusa ukuthi imiphakathi iyeke ukubuyisela intuthuko emumva," kusho uMeya.



Kufakwe iminyingo namawindi amasha kulephrojekthi yokulungisa ihholo kanye nesikhungo samakhono kwaDumisa. Inset: Kufakwe uphahla olusha kwizindlu zangasese zalesakhiwo esizoba usizo olukhulu emphakathini.



The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli speaks to Mrs Mbumbe in Ward 4 whose house was severely damaged during the heavy rains.

# Umdoni offers much-needed help to victims of heavy rains

The leadership of Umdoni was available with help when needed the most by families whose homes were damaged and lost essentials during the recent heavy rains.
The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli led a delegation of Councillors to visit the identified affected families and also physically assess the level of damage to infrastructure.
The Disaster Management Services reported 287 households were affected, two fatalities due to drowning, displacement of five families, six destroyed and 66 partially destroyed households and over 200 roads combined have been affected in both the rural and urban areas.
According to the Mayor, the purpose of the visits and assessments by Councillors was to have a vivid picture of the damage on the ground in order for the leadership to make well-informed decisions on actions to be taken that directly respond to the witnessed damages. The Mayor and various Councillors visited families in wards 4 and 17 and assisted with essential needs. Displaced families were assisted with temporary housing units for dignified shelter while long-term solutions are being put in place.
All major incidents were duly escalated to the departments of housing, transport, social development and provincial disaster management services for intervention. The municipality has assisted with blankets, plastic sheeting, sleeping mattresses and other essentials to assist affected families.
"We have witnessed the damage made by these rains and we will remain close to the affected families to ensure they are assisted and their lives return to normality as soon as possible with the assistance of relevant departments," said the Mayor.
She added that bad weather conditions are still not over and the Umdoni community is cautioned to protect themselves by remaining indoors and off the roads, avoid crossing swollen rivers and streams during heavy rains.



The Mayor, Cllr Mbali Cele-Luthuli together with Cllr Nkomo from Ward 17 and other Councillors visited an elderly lady whose house was partially damaged during the heavy rains.

"Working Together To Build Better Communities"



## PUBLIC NOTICE

Umdoni Residents are hereby informed of the weekend schedule for the Motor Licensing Office from February till June 2025 from 7H30-12H00

| MONTH | SATURDAY | SUNDAY |
|---|---|---|
| MARCH | 08/03/2025<br>29/03/2025 | 09/03/2025<br>30/03/2025 |
| APRIL | 12/04/2025 | 13/04/2025 |
| MAY | 03/05/2025<br>17/05/2025<br>31/05/2025 | 04/05/2025<br>18/05/2025 |
| JUNE | 21/06/2025 | 01/06/2025<br>22/06/2025 |

ISSUED BY:
UMDONI MUNICIPALITY

"Working Together To Build Better Communities"

## PUBLIC NOTICE:



### DISCONTINUATION OF CASH PAYMENTS AT MOTOR LICENSING AND REGISTERING AUTHORITIES

In an effort to improve our Motor Licensing Services and ensure efficiency, security and convenience for customers and employees, Umdoni Municipality will no longer accept cash payments for any services as from 1 April 2025. The stoppage of cash payments aims to eradicate the following:

- Reduce the risk of cash handling errors and losses.
- Reduce the number of Cash In Transit (CIT) heists and robberies at Registering Authorities.
- Enhance transaction security and integrity.
- Improve customer convenience and experience.
- Align with digital payment trends and best practices.



**From the effective date, the following payment methods will be accepted:**

- Debit/Credit Cards
- Electronic Funds Transfer (EFT)-Municipalities and Government Departments only
- Online Payments through RTMC online website

**ISSUED BY:**
**Umdoni Municipality**

"Working Together To Build Better Communities"



## PUBLIC NOTICE

Umdoni Residents are hereby informed of the weekend schedule for the Drivers License Test Centre from February till June 2025.
Weekend operating hours are from 7h30-11h00.

| MONTH | SATURDAY | SUNDAY |
|---|---|---|
| APRIL | 05/04/2025<br>12/04/2025 | 06/04/2025<br>13/04/2025 |
| MAY | 10/05/2025<br>24/05/2025<br>31/05/2025 | 11/05/2025<br>25/05/2025 |
| JUNE | 21/06/2025 | 01/06/2025<br>22/06/2025 |

ISSUED BY:
UMDONI MUNICIPALITY

**This newsletter has been produced by the Umdoni Municipality Communications Unit.**

Feedback can be emailed to: customerservice@umdoni.gov.za
Physical Address: Cnr Bram Fischer & Williamson Street, Scottburgh 4180 Postal Address: PO Box 19Scottburgh 4180

Umdoni Municipality News
Umdoni Municipality
Umdoni Municipality
www.umdoni.gov.za